



## agriculture & rural development

Department:  
agriculture  
& rural development  
**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

KZN Department of Agriculture & Rural Development  
Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nalini Dickson  
Tel: 033-3559300 or 0832340475

Fax: 033-343 8255  
Toll-Free: 0800 000 996  
Email: Nalini.Dickson@kzndard.gov.za

---

### **INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATALI, UMNUZ THEMBA MTHEMBU, AYETHULE EDINENI LOKUHALALISELA UMSEBENZI WOMNYANGO ONQOBE UMKLOMELO OMKHULU WE-PUBLIC SERVICE EXCELLENCE AWARDS**

**USUKU: UMSOMBULUKO, 5<sup>TH</sup> KUZIBANDLELA 2016**

**INDAWO: PHUMOBALA LODGE, UMHLABUYALINGANA**

UMphathi woHlelo, uNks J Majola

IMeya yesiFunda uMkhanyakude, uKhansela T.S Mkhombo

IziMeya namaKhansela akhona

Amakhosi

Abaholi boMphakathi

INhloko yoMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya,  
uDkt SF Mkhize

Abasebenzi bonke bakaHulumeni abakhona lapha

Ngokukhethekile ngibingelete kuNkk T Mathenjwa esingaye lapha onqobe  
umklomelo ovelele we-National Public Service Excellence Awards

Ozakwabo asebenzisana nabo

Bafowethu nodadewethu

Umcimbi wanamhlanje kuzobungazwa ngawo uNkk Thulisiwe Mathenjwa obeke  
indawo yaKwaMhlabuyalingana, isiFunda soMkhanyakude sonkana nesiFundazwe  
sakithi ebalazweni. Uqhakazise isiFundazwe.

UNkk Mathenjwa uwine umklomelo omkhulu kakhulu kuHulumeni kuzwelone  
obizwa ngokuthi yi-Overall Outstanding Public Servant of the Year Award  
emcimbini obuseGoli obekukhishwa kuwo imiklomelo yabawine kulo nyaka  
ngaphansi kwe-Batho Pele Excellence Awards, osekuvunyaka wesine wenziwa.

Uphinde wadla umhlanganiso emkhakheni wesisebenzi sikaHulumeni esivelele ngaphansi komkhakha obizwa ngokuthi yi-Batho Pele Leader of the Year.

NjengesiFundazwe sinesizathu sokuthi sishayele phezulu futhi siziqhenye ngoba akubanga nguNkk Mathenjwa kuphela owinile eKZN njengalokhu ihhovisi laseZinqoleni nalo liphume phambili emkhakheni obaluleke kakhulu we-Best Batho Pele Team of the Year. Uma siqedo lapha sizobuye sehle manje amabombo siwabhekise lena oGwini oluseNingizimu nesiFundazwe siyokwenza umcimbi ofanayo nalona esihlangene ngawo lapha namuhla.

Bakwethu, imiklomelo ye-National Batho Pele Awards ingenye yehlonipheke kakhulu kuleli zwe. Ingekhethekile kakhulu impela uma sizokhumbula ukuthi abasebenzi bakaHulumeni bangaphezulu kwezigidi ezimbili abaqashwe ngaphansi kweminxa emithathu kaHulumeni. Le miklomelo ivuleleke kubo bonke abasebenzi bakaHulumeni ukuthi bayingenele. Ngakho-ke uNkk Mathenjwa ubaqwaqwade bonke emakhanda ezweni lonke.

Le miklomelo ye-Batho Pele iqhakambisa iqhaza elibanjwe ngabasebenzi abasebenza ngokuzidela, abazimiselayo emsebenzini wabo, abazinikelayo futhi abahamba ibanga elide ekuhambiseni izidingo zomphakathi. Ngaphezu kokuqhakambisa ukuhanjisa kwezidingo zemiphakathi, le miklomelo iveza iqhaza elibanjwe nguNkk Mathenjwa ekubekeni isisekelo esenze ukuba kufezeke izinhloso zezwe elithuthukayo njengalokhu kulotshiwe ohlakeni lukaHulumeni olubhekele intuthuko kuzwelonke i-National Development Plan (NDP) kanye nohlaka IwesiFundazwe olubhekele intuthuko. Okusemqoka nakakhulu ukuthi uNkk Mathenjwa ubeke eqhulwini labo abangathathi ntweni, abantu abasokolayo, wababeka esicongweni sezinhlelo zentuthuko. IsiFunda uMkhanyakude sibhekwa njengalezo ezidonsa kanzima kakhulu ngenxa yenhlupheko ngakho uNkk Mathenjwa usebenza ngokuzikhanda impela ukusiza abampofu.

Uyabobona uma ngingaqala nje kusuka phansi ngalokho osekwenziwe uNkk Mathenjwa kule ndawo impela kungaze kuse sihleli lapha. Kumele phela ngithi ukuyinciphisa kancane ingevu ukuze sikhazi ukuthola ithuba lokuthi sijabule nje, kungakhulunya undendende. Kodwa sengithe ngicela abasebenzi boMnyango baqoqe konke asekwenzile bese bekufaka kwi-website yoMnyango ukuze kube wubufakazi obuzobonwa wumphakathi wonke.

Ngaphambi kokuba ngingena kulokhu uNkk Mathenjwa asekwazile ukuphumelela kukho ngiyathanda ukuba ngiqale ngokusho nje ukuthi ukunqoba emiklomelweni ye-Batho Pele akuyona insangu. Ukwahlulela kuqala ezingeni loMnyango, uma kusuka lapho kuya kwelesiFundazwe bese kudlulela esigabeni sikazwelonke. Kuzo zonke lezi zigaba kunamajaji ehlukene aqhamuka nemibuzo ehlukene. Okubhekwa kakhulu ngamajaji yilokhu:

- Ngabe izidingo zomphakathi ziyabhekkelwa yini uma ihhovisi lihlela imisebenzi yalo

- Ifika kanjani imininingwane mayelana nezidingo kubantu, ngabe kulula yini ukuyithola, abasebenzi bona bayakwazi yini ukunikeza usizo
- Lisabela ngokushesha kanjani ezinkingeni zabantu ihhovisi
- Ngabe ihhovisi liphethwe kahle futhi lisebenza ngendlela
- Imali eyabelwe umsebenzi yona iphethwe kanjani futhi ngabe uNkk Mathenjwa uyakwazi yini ukwenza okungaphezulu kokulindelekile emsebenzini wakhe ukusiza umphakathi.

Okumnandi kakhulu ukuthi amalungu omphakathi ayanikwa ithuba lokuthi nawo aphawule ukuthi linjani izinga lokulethwa kwezidingo zaho. Kuzo zonke lezi zigaba nemicikilisho uNkk Mathenjwa waphuma phambili wathi nje qekelele.

NjengoNgqongqoshe ngithintek kakhulu ngamazwi ayizincomo aphuma, hhayi nje kubasebenzi abangaphansi kwakhe, kodwa emphakathini. Kunencwadi nje eyabhalwa ngomunye wabasebenzi abangaphansi kweso lakhe ebincoma kakhulu futhi ibonga iqhaza alibambile ekuqequeshe lo msebenzi ukuthi abe ngorakekelayo kwabanye nokuthi abheke ukusebenza kwakhe kuHulumeni njengobizo. Uthe ngeke aze akhohlwe zimfundiso ezinobubele ezifakwe kuye nguNkk Mathenjwa eziphathelene nokukhombisa inhlonipho nozwela ngaso sonke isikhathi lapho kusetshenzwa khona ngomphakathi.

Uma uphethe ihhovisi kwesinye isikhathi ungaze ukhukhumale uma ubheka imisebenzi esemqoka ebekwe emahlombe akho. Kodwa lapha eMkhanyakude imisebenzi emincane nemikhulu isingathwa ngendlela efanayo.

UNkk Mathenjwa nethimba lakhe baphatha ngobunono obukhulu umsebenzi wokwakha isikhungo sokukhiqiza amaGanu obize imali engaphezulu kuka-R25 million futhi odale amathuba emisebenzi angu-1035. Bengamela ukwakhiwa kwalesi sikhungo futhi babopha amaxhama obambiswano noMasipala, yi-KZN Trade and Investment kanjalo noMnyango wokuThuthukisa imiPhakathi yaseMakhaya nokuBuyiswa koMhlaba ukuze umsebenzi ube banzi. Kukho konke lokhu abantu abadla imbuya ngothi abakaze babekwe eceleni njengalokhu aquinisekisa ukuthi uxhumana nababhekeli umkhankaso weSukuma Sakhe ukuze kuhlomuliswe nabangathathi ntweni. Ngaleylo ndlela iminden yabaswele yabamba iqhaza ekutheni ilethe amaganu esikhungweni bese ikhokhelwa ngalokho.

Ngokuhlanganyela nethimba lakhe benza umsebenzi wabo ngobuchule futhi baqinisekisa ukuthi umsebenzi wenabela nasekukhiqizeni izinhlobonhlobo zemikhiqizo ebandakanya ukwenza ujamu, ojeli, ushatini nowoyela owenziwe ngamaganu. Ngaphezu kwalokhu kubuye kwensiwe ujusi kusetshenzisa wonan nalo amaganu.

Kuyasetshenziswa nobukhosи bakwaTembe namanye Amakhosi futhi lokhu kuholele ekutheni iprojekthi yamaganu ihambisane noMkhosi womThayi.

Ngaphandle kwe-projekthi yamaganu zikhona nezinye izinto ezenziwayo esingabala kuzo imifelangdawonye yentsha nabesifazane ekhiqiza amantongomane nefuya izinkukhu. Okunye abakusebenzayo ukuba kutshalwe izingadi emakhaya nakuba-ke lokhu kuphazanyiswe ukudlanga kwesomiso ngonyaka owedlule. Ukugqugquzelwa ukuthi kuqualwe izingadi uNkk Mathenjwa unikezele ngezinto zokunisela njengesiqalo.

Njengenxusa lomnyango wenza isiqiniseko sokuthi uhambela yonke imihlangano yendawo. Uyilungu lekomidi le-OSS, umkhandlu obhekele i-HIV/AIDS futhi ubuye amele uMnyango emihlanganweni yokuhlela intuthuko yoMasipala i-IDP. Sihlale sikhulumma ngeminyango kaHulumeni esebeza ngayodwana kodwa uNkk Mathenjwa wehlukile yena ngoba ukhombisa ukubaluleka kokuzimatanisa futhi uyimele imiphakathi emakomidini.

Okunye akwenzayo ukuxhumana nemiphakathi ngokwenza imihlangano lapho elula isandla entsheni nakwabesifazane ebanikeza izinkulomo ezakhayo mayelana nokuziqoqa, ukunakekelwa kwabantwana nokuhlomisa abesifazane ngolwazi ukuze bakwazi ukuzimela bona mathupha.

Lo muzwa wokwakha anawo uze ukapakele nasehhovisi alisebenzayo, Iona elisebenza njengomshini ogcotshwe amafutha. Abasebenzi banikwa ithuba lokuqeleshwa. Bagqugquzelwa ukuba basebenze ngokuzimisela futhi bazigqaje ngehhovisi abakulo futhi basebenzise izinsiza kusebenza ezisehhovisi ngokunakekela nakuba zingenele ukuze kuqhubeke umsebenzi. Okunye okungihlabu umxhwele ukuthi bayayibamba imihlangano lapho bebheda khona ukuthi imisebenzi eyabiwe ihamba kanjani futhi baxazulule izingqinamba abahlangabezana nazo ukuze zingaze ziphume esandleni zigcine ziyinyakanyaka engaxazululeki.

Ngengoba bese ngishilo, umuntu angakhulumma kuze kuse emnyango ngemisebenzi kaNkk Mathenjwa nalokho asephumelele ukukwenza. Kuleli qophelo ngiyathanda ukuba ngithi nje janti kulokho esingakufunda kulo msebenzi osewine imiklomelo ebaluleke kangaka.

Isifundo sokuqala ukuthi lapho kunesimo sokuchaza mayelana nendlela okusetshenzwa ngayo futhi kunokunakekela amathuba okuthi kuchume inkohlakalo ayashabalala. Siyazi sonke ukuthi uHulumeni uhlale ugtekwa ngenkohlakalo ephathelene nemikhonyovu nobugovu. Okunganakiwe njalo ukuthi ungawenzi umsebenzi wakho nakho nje kukodwa kuyinkohlakalo. Itemu elisetshenziswayo ukuchaza lokhu lithi kuyinkohlakalo ewumshoshaphansi. Ukungawenzi umsebenzi owuqashelwe nokungazihambisi izinsiza zemiphakathi yakithi kungenye yezindlela eziyinkohlakalo eyenziwa buthule. UNkk Mathenjwa usifundise ukuthi lingasebenza kanjani ihhovisi ngendlela efanele nekahle, naphezu kokuba kukhona izinsiza ezinganele. Isibonelo nje, ngesikhathi kubhoke

isomiso wayelela abasebenzi abangaphansi kwakhe ukuthi bangabe besawasebenzisa amanzi asemahhovisi kodwa kumele bageze izimoto zikaHulumeni emifuleni ukuze kongiwe amanzi.

Usifundise izindlela zokwenza umkhakha wezolimo uchume emphakathini futhi wabuye wasikhombisa indlela okumele sense ngayo ukutakula abantu bakithi abahlwempu bakwazi ukufinyeleta ezidingweni zabo.

Eqinisweni usengaba yinxusa elihle impela loMnyango njengalokhu sizoqala ukusebenza ngendlela eyehlukile ngonyaka olandelayo. Ngesonto eliphelile sibambe umhlangano wezinsuku ezinhlanu lapho besibhunga ngamasu amasha.

Okunye esikhulume ngakho okusemqoka kakhulu kube yizinhlelo zokuqinisekisa ukuthi uMnyango ugxila ekukhiqizweni kokudla nanokuthi izingane zethu nemiphakathi bahlale benokuya ngasethunjini futhi kube nomsoco.

Emhlanganweni ebésinawo ngikuphawulile ukuthi ngiyakwamukela ukubona isibalo sabesifazane sithe xaxa njengalokhu phela imbokodo iqhamuka nemibono evusa amadlingozi. Bona-ke bazi kahle ukuthi kunjani enganeni ukulamba esiswini kungekho kudla phambi kwayo. Ngithe-ke yilokhu esikudingayo ukubona isifazane sikhona phakathi kwethu ukuze sibe nguMnyango wezishoshovu. Kufanele sinakekele! Sidinga uthando nogqozi okuzosenza silangazelele ukwakha izwe elingcono kubantu bakithi.

Nkk Mathenjwa ukhombise ububele kukho konke okwenzile. Ngiyakuhalalisela ngokuba yinxusa, umholi nesibone sonke esingasilandela njengoba sibheke phambili ekwenzeni Ezolimo Usikompilo Iwethu kulesi siFundazwe.

Ngaphezu kwakho konke ngiyakubonga kakhulu ngobuntu onabo emisebenzini oyenzayo futhi ngaba nenjabulo enkulu ngesikhathi ngikubona uthatha umklomelo osezingeni eliphezulu njengaloya kuzwelonke. Asikaze sikuzwe usizincoma wena siqu. Esikhundleni salokho waphakamisa ozakwenu eNnyangweni ubabonga ngemizamo yabo eholele ekutheni uthole lo mklomelo.

Wathi inhloso enkulu yokusebenzela uMnyango kaHulumeni ukunikezela ngezidingo kubantu futhi lokhu kwenziwa ngaphandle kokubheka ukuklomeliswa. Wathi lokhu kwenziwa ngaphandle kokulindela ukuthi ngelinye ilanga kuyoba khona ukubongwa kwaleli zinga. Awukaze uzithatelle wena udumo kodwa waluletha kubo bonke abayingxene yeMnyango. Sinazo zonke izizathu zokujabula kanye nawe kulobu busuku banamuhla ngoba ukhombise ukuba ngumsebenzi kaHulumeni wangempela. Ngiyabonga!



KZN MEC for Agriculture and Rural Development Mr Themba Mthembu handing over a certificate of recognition to the 2016 Batho Pele Best Public Service Leader, Mrs Thulisile Mathenjwa



MEC Themba Mthembu together with Umhlabuyalingana Deputy Director and 2016 Batho Pele Best Public Service Leader Mrs Thulisile Mathenjwa in celebration